

## **USARS uxwayisa ngohlelokulutha lokukhwabanisa lwezimali ezibuyiswayo**

**Tshwane, 8 kuZibandlela 2021** – Uphiko Lwemisebenzi Yemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS) luyazi ngezigameko ngokukhwabanisa okwenzeka ekushintshweni kwamaphrofayili esisebenzi sentela kanye/noma omkhokhintela kwenziwa ngenhloso yokukhwabanisela uSARS kanye nabakhokhintela abathintekayo.

Lezi zenzo zokukhwabanisa zenziwa abantu abakwazi ukungena kumaphrofayili e-eFiling ngokulutha/ukuwaka ngezobuchwepheshe noma uhlelokulutha ukushintsha imininingwane yebhange lomkhokhintela ukuze izimali zingene kubo. Laba bantu baphinde bathumele amafomu entela akhwabanisiwe ukuze benze ukuthi bathole izimali ezibuyiswayo.

USARS uthatha zonke izinyathelo ukumelana nokulinyazwa kwezokuphepha kohlelo lwethu lolwazi kanti abukho ubufakazi obuveza ukuthi uhlelo lwakwaSARS luluthiwe, kunalokho lusavikelekile.

Esontweni eledlule, kuqaliswe izinguquko eziningi ukunyusa isithunzi sezinhlelo zakwaSARS. Lezi zinguquko zibandakanya inqubo yokululeka izisebenzi zentela uma imininingwane yazo isuswa ekwazini ukungena kumaphrofayili omkhokhintela/ekhasimende kanjalo nenqubo ethuthukisiwe yentela yengenisomali lomuntu kanye nenqubo yokubhalisa ku-eFiling, phakathi kokunye. Zenzelwe ukwenza kube nzima kulabo abenza ubugebengu ukuthi bathole imininingwane ebucayi bese benza ngayo ukukhwabanisa.

Ukuze sivikele amaphrofayili e-eFiling, izisebenzi zentela ziyaxuswa ukuba ziqinisekise ukuthi imininingwane yamaphrofayili ayabelwana nomunye abasebenzisana naye noma izinkampani abasebenzisana nabo. Wonke amandla omsebenzisi okungena ku-eFiling ezikhungweni noma ezinkampanini kumele zihlale zihlale zibuyekezwe kanti lapho kudingeka khona lawo mandla okungena kumele emukwe kuleso sisebenzi, ikakhulukazi uma isisebenzi leso sishiya esikhungweni noma enkampanini leyo. Umphakathi uyanxuswa ukuba uhlale uqaphile ngenxa yohlelokulutha olukhona lapho beshaya khona becela ukwabelana ngemininingwane ebucayi efana nemininingwane yomazisi kanye neyasebhange.

Izigueko zoshintsho olungukukhwabanisa noma olungagunyaziwe kumaphrofayili e-eFiling zingabikwa ku-SARS Anti-Corruption and Fraud Hotline kule nombolo 0800 00 2870. Abakhokhintela nezisebenzi zentela bayaxuswa ukuba bangasebenzisi izinkundla zokuxhumana ezifana no-Facebook, ukubika izigameko ezifana nalezi noma ukuveza imininingwane ebucayi.

UKhomishana wakwaSARS uMnu. Edward Kieswetter uthumele umyalezo oqinile kulabo abenza izenzo zokukhwabanisa kulobu bugebengu obenziwa esikhungweni

bokulutha abakhokhintela abamsulwa. Uthe, “Angifuni kube khona namunye ongabaza amandla nokukhona kukaSARS ukubhekana nalezo zigebengu ezenza lobu bugebengu. Ngokusebenzisana nezinye izinhlaka zokuphoqelela umthetho, uSARS uzokwenza konke okusemandleni ukuzingela nokuthola lezi zigila mkhuba. Lokhu akukona ukwesabisa, kodwa yisexwayiso.”

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne [SARSMedia@sars.gov.za](mailto:SARSMedia@sars.gov.za)